

# Ukufunda ngamaqembu okuholwayo

## Ngaphambi kokufunda

- Phenya amakhasi endaba abazoyifunda.
- Tshela abafundi ukuba baqagele ukuthi indaba izoqhubeka kanjani uma kususelwa esihlokweni nasemifanekisweni.
- Yethula amagama amasha noma alukhuni ngaphambi kokuba abafundi baqale ukufunda incwadi.
- Yenza amakhadi amagama ukwethula amagama amasha. (Thola uhlu lwamagama amasha ngaphakathi.)

## Ukufunda kokuqala

- Abafundi kumele bafunde umbhalo ngamunye.
- Abafundi kumele bafunde buthule noma “bawufunde ngokuhleba” umbhalo.
- Suka kumfundi uye kolandelayo, ucele umfundi ngamunye ukuba afunde isigaba sombhalo kuzwakale.

## Ingxoxo

- Funda imibuzo yokuqondisisa esuselwa embhalweni.
- Gxila emisindweni, emagameni ajwayelekile kanye nasemagameni amasha.
- Uyothola imisebenzi esekugcineni kwale ncwadi ilusizo ekuholeni ingxoxo. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)

## Ukufunda kwesibili

- Ezinsukwini ezilandelayo,nikeza abafundi ithuba lokuyifunda futhi incwadi, ngababili noma ngamunye.
- Gxila ekufundeni ngokugeleza, ekusetshenzisweni kolimi nasemagameni amasha.
- Abafundi mabaqedele imisebenzi yeqembu eholwayo etholakala ngemuva kwale ncwadi. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)



*Abafundi mabadlale balingise okwenzeka endabeni uma umbhalo uvumelana nalokho.*



*Abafundi kumele benze imisebenzi yokufunda ngamaqembu ngemva kokufunda. Abafundi mabasebenze ngamaqembu ukuqedela imisebenzi efanele etholakala ngemuva kule ncwadi. Imisebenzi ebhalwayo kumele yenzelwe ezincwadini zokubhalela, hhayi kule ncwadi.*

UJoseph, Thabo, Martha kanye noMohammed yizingane ezithanda ukwenza  izinto ezingaba nengozi. Bayathanda ukukhwela izintaba, ukubhukuda edamini nokutshuza olwandle.

Ngelinye ilanga lezi zingane ezine zanquma ukuthatha hambo oluya olwandle ukuze zibone umhlaba.

"Ake sibheke ibalazwe sibone ukuthi singantweza sishone kuphi nolwandle," kusho uThabo.

Bafaka ezikhwameni ibalazwe, ikhampasi, igotshwa, imigodla yokulala emine, ithoshi, ikhamera nokudla kwenyanga yonke.

"Kumele singakhohlwa amajakhethi ethu okuntanta," kusho uJoseph.

Kwathi lapho lezi zingane ezine sezikupakishe konke, sezijabule kakhulu, zaphuma lapho lishona nje ilanga.

Zazilokhu zishona phansi naphezulu emagagasini olwandle.

Ubusuku babunesivunguvungu. Umoya wawuhhewula, amagagasi esaphazela  umkhumbi wabo.

UMohammed wabona ukukhanya kubaniza le kude. Kwakungomunye umkhumbi owawuza ngakubo. Wathatha isibonakude wakhwela phezulu emkhunjini ukuze awubone kahle.

"Ngabe ngumkhumbi onjani lo?" kubuza uMartha.

"Kungaba ngumkhumbi wabavakashi noma umkhumbi othwele impahla," kusho uJoseph.



Umkhumbi wasondela. Kwakukhona amadoda ambalwa kuwo. Izingane zethuka kakhulu lapho zibona indlela ayebukeka ngayo la madoda.

"Qaphelani! Yizigebengu zasolwandle!" kumemeza uThabo.

"Yini izigebengu zasolwandle?" kubuza uMohammed.

"Izigebengu zasolwandle ngamasela eba impahla yamanye amatilosi," kusho uThabo.



"Asilungisele ukulwa nalezi zigebengu  zasolwandle namuhla ebusuku," kusho uThabo.

Izingane zahloma ngezinkemba zazo zeplastiki zingenaluvalo.

"UKapteni Joseph nguye ozosihola! Siyolandela ezinyathelweni zakhe!" kumemeza uMohammed, uMartha noThabo.

"Zigebengu zasolwandle hambani la!" kumemeza izingane. "Thabo, biza abaqaphi bogu masinyane!" kulawula uKapteni uJoseph.

Emizuzwini emibili nje izingane zezwa umsindo wehelikhoptha yabahlengi le kude. Kwabathokozisa lokhu ngoba izigebengu zasolwandle zawujikisa umkhumbi wazo zashesha zantweza zanyamalala emnyameni.

UKapteni uJoseph wayezisindisile izingane!

"Hhule!" kumemeza izingane ngenjabulo.
"Sesiphephile! Izigebengu zasolwandle sezihambile!"

"UKapteni uJoseph yiqhawe lethu! Uma kunguye umholi wethu asinakuvelelwa yingozi!" kumemeza izingane.

Kwase kuzosa. Isivunguvungu sase siphelile. Ingozi yase yedlule.

Izingane zaqhubeka nohambo lwazo zijabulela ukuphakamisa oseyili bomkhumbi ukuze zibone ukuthi unjani umhlaba ebezingawazi.

Bantweza ngomkhumbi besuka eNyakatho beya eNingizimu, bahlangana nezingane ezivela emazweni ehlukene.

Kwathi lapho befika ekhaya, baxoxa izindaba ngabakubonile, bakhombisa abazali babo izithombe ababezithathile.

Babekade bethathe uhambo olunesigameko abangasoze basikhohlwa.

Noma nini uma wesaba okuthile usuke uthole ithuba LOKUBA NESIBINDI!

# Imisebenzi yokufunda ngamaqembu



1

a. Tshela umngani wakho ukuthi uyayithandile noma cha le ndaba.
   Nikeza izizathu zempendulo yakho.

b. Ukube wawunguKapteni uJoseph, wawungenze njani?

c. Ake sithi ayifikanga ihelikhoptha ehlengayo.
   Ucabanga ukuthi bekuzokwenzekani?

d. Ucabanga ukuthi lena yindaba eyenzeka ngempela?
   Nikeza izizathu zempendulo yakho.





2

Bheka izithombe ezi-2. Cabanga ngale mibuzo uxoxe nomngani wakho ngezimpendulo zayo.





a. Kwenzekani esithombeni ngasinye?
b. Ucabanga ukuthi izingane zazizizwa kanjani ngenkathi ziqala ukuhlela lolu hambo?
c. Ucabanga ukuthi zazizwa kanjani lapho zibona izigebengu zasolwandle?
d. Sekwake kwenzeka yini ukuthi uzizwe ujabule noma uthathekile kodwa ubuye ube novalo. Kwakwenzenjani?



3 Qedela lo msebenzi.

a. Thola amagama endabeni anale misindo uwabhale encwadini yakho yokubhalela: ntw | tshw

b. Thola amagama endabeni anale misindo uwabhale encwadini yakho yokubhalela: mny | mkh | mhl

c. Khetha igama elifanele kowanikeziwe bese uqedela lo musho.

Umhlengi ngumuntu ____________ (ohlekayo, osizayo, ohluphayo).

d. Bhala la magama esichazamazwini sakho: isibonakude

ikhampasi | umkhumbi | amatilosi | ibalazwe

e. Guqula amagama akubakaki abe ngondaweni bese uqedela le misho.

| | |
|---|---|
| i. | Wakhwela phezulu ________ (umkhumbi) |
| ii. | Kuhle silandele _______ (izinyathelo) zakho. |

f. Bhala le misho ibe senkathini yamanje.

| | |
|---|---|
| i. | Umoya wawuvunguza. |
| ii. | Babedinga ini? |

g. Phinda ubhale le misho ufake izimpawu zokubhala.

| | |
|---|---|
| i. | ngabe bafunani |
| ii. | qaphelani bo |
| iii. | ujoseph nothabo nomartha nomohammed bangabangani |



4 Sebenza nomngani niphendule le mibuzo.

a. Sithini isihloko sale ndaba?

b. Ngobani abalingiswa abaphambili endabeni?

c. Ucabanga ukuthi izigebengu sasolwandle zisekhona namanje? Usho ngani?

e. Ucabanga ukuthi kuphephile ukuba izingane zihambe izindawo ezikude zizodwa?




5 Fingqa le ndaba ngamagama akho.
Bhala ipharagrafu yemisho eyi-8.
Dweba isithombe ukukhombisa indaba yakho.



6 Yenza umfanekiso wekhampasi ekhomba ezindaweni ezine:

Inyakatho,
Iningizimu,
Impumalanga,
Intshonalanga.



Izinga loku- 1

# Incwadi yesi- 2

| | |
|---|---|
| Isihloko: | Isigameko sasolwandle |
| Ulimi: | IsiZulu |
| Izinga: | Ibanga lesi-3 Ulimi Lwasekhaya Incwadi yokufunda Izinga loku-1 Incwadi yesi-2 |
| Uhlobo lombhalo: | Indaba |
| Ulwazimagama: | ibalazwe, ikhampasi, igotshwa, isivunguvungu, isibonakude, izigebengu, umkhumbi, hhewule, amatilosi, hloma, isigameko, izinkemba |
| Imisindo: | ntw, ntshw, khw, thw |
| Okuqukethwe, imiqondo namakhono: | ▪ Uveza akuzwayo ngendaba.<br>▪ Ukhomba okuyimbangela nomphumela endabeni.<br>▪ Uhlaziya aqhathanise ulwazi olutholakala kule ndaba.<br>▪ Uthola amagama endabeni anale misindo: ntw, tshw, khw, thw .<br>▪ Ubhala amagama esichazamazwini sakhe.<br>▪ Ugcwalisa izakhi zikandaweni.<br>▪ Ubhala futhi imisho ibe senkathini yamanje.<br>▪ Usebenzisa izimpawu zokubhala ngendlela efanele.<br>▪ Uphendula imibuzo yokuqondisisa.<br>▪ Uqoqa (ufingqa) indaba (isigaba esi-1 imisho eyi-8)<br>▪ Wenzela indaba imifanekiso.<br>▪ Wenza ikhampansi. |

ICAPS ifuna ukuba othisha babeke eceleni isikhathi nsuku zonke sokubhekana nokufunda kweqembu okuholwayo. Ukufunda kweqembu okuholwayo kudinga abafundi asebesezingeni elifanayo lokwazi ukufunda umbhalo ofanayo emaqenjini, beholwa nguthisha.

Ekufundeni ngamaqembu okuholwayo, othisha bahola abafundi abasezingeni elifanayo lokufunda ekufundeni incwadi efanayo beseqenjini.

Isikhathi sokufunda kumele simbandakanye izinhlobo zamasu ehlukahlukene zokufunda nokuqondisisa okudingwa abafundi uma befunda.

Isu lokufunda ngempumelelo lidinga futhi ukuxoxisana ngombhalo phakathi kukathisha nabafundi, naphakathi kwabafundi emaqenjini.

Lezi zincwadi zinemisebenzi yokuqondisisa kanye neminyaka ehambelana nokufunda ngokuqondisisa ukusiza othisha ukuze bakwazi ukuhola ukufunda ngamaqembu emakilasini.

ISBN 978-1-4315-2529-4
9 781431 525294

Rainbow WORKBOOKS

ISBN 978-1-4315-2529-4

**THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.**

basic education

Department:
Basic Education
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street, Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education
First edition 2016

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked, the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

## Ezinye izincwadi eShalofini Lezincwadi zeBanga lesi-3 zoLimi Lwasekhaya.

### Izinga loku-1

- Unogwaja uqinela impungushe
- Isigameko sasolwandle
- Kumnandi ekhishini
- Idayari yabantwana abakhonondayo

### Izinga lesi-2

- Zeqa-ke izilwane
- UThandi unosuku olubi
- Impelasonto ekhumbulekayo

### Izinga lesi-3

- Kunenunu ekhabetheni lami
- Kulahleke amakhekhe asankomishi
- Kuyamangaza yize kuyiqiniso